IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

16/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Reminsisere, ngomhla ka 01. 03. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kwabaseRom 5:8, lithi: "Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela."

1. Iculo 306/235

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Nkosi, Baba ngoKristu onguNkulunkulu uqobo, nomuntu futhi uqobo, siyabonga kuwe, njengoba usiphile ubuthongo kulobubusuku obudlule, futhi siyacela ukuba nakulolusuku lwanamuhla, usabele uMoya wakho oNgcwele ukuba asidonse ngokusikhanyisela endleleni esihamba ngayo. Mawusenze ukuba sibe izinceku zesivini sakho ezithembekile, eziqaphela isivini sakho, ezingabanakekeli impela, nabasihlakulayo, nabasilimayo kahle. Mawusisize kanjalo, Nkulunkulu, ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, ebusa kanye nawe Nkulunkulu, Baba, noMoya oNgcwele, manje naphakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 5:1-7;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 5:1-11;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Mathewu 12:38-42.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 148/138

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 12:1-12, lithi: "Wayeseqala ukukhuluma kubo ngemifanekiso, ethi: Umuntu watshala isivini, wasibiyela ngothango, wemba isikhamo, wakha isiqongo sokulinda, wasiqhashisa kubalimi, waya kwelinye izwe. Ngenkathi efaneleyo wayesethuma inceku kubalimi ukuba ithathe kubalimi ezithelweni zesivini. Bayibamba, bayishaya, bayimukisa-ze. Waphinda wathuma kubo enye inceku; yona bayilimaza ekhanda, bayithuka. Wathuma enye futhi; yona bayibulala; nezinye eziningi: ezinye bazishaya, ezinye bazibulala. Kwase kusele umuntu munye, indodana ethandekayo; yona wayithuma kubo ekugcineni, ethi: Bayakuyazisa indodana yami. Kepha labobalimi bakhuluma bodwa, bathi: Lo

uyindlalifa; wozani siyibulale, ifa libe-ngelethu. Base beyibamba bayibulala, bayiphonsa ngaphandle kwesivini. Uzakwenzani umninisivini na? Uzakuza, ababhubhise labobalimi, isivini asinike abanye. Aniwufundanga yini lombhalo othi: Itshe abalinqabayo abakhi lona laba-yinhloko yegumbi; lona lavela eNkosini; liyisimangaliso emehlweni ethu, na? Base befuna ukumbamba, kepha besaba isixuku; ngokuba bazi ukuthi ukhulumé lomfanekiso ngabo. Base bemshiya, bamuka." Amen.

8. Intshumayelo: Umusa mawube kinina, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba, naseNkosini uJesu Kristu. Amen. Bangane eNkosini, izwi lentshumayelo yanamuhla lisifundisa ngohlelo lokuvumelana phakathi kwabantu abahwebisanayo, ngisho umnini nabaqashi. Umnini wayenesivini esihle, wasitshala kahle, wasibiyela ngothango, wemba isikhamo, wakha isiqongo sokulinda, wenza imisele yokunisela kahle izihlahla zomvini, imivini yalesisivini yabonakalisa ubuhle, yathela izithelo ezimnandi ezenza ukuba abaqashi badonseke, bavumelane nomnini ukuqasha lesivini. Kwenzekile kuze kube sesikhathini ababevumelana ngaso ngenkontraka yabo. Nesivini sasiphathwe kahle.

Lesisivini futhi sasibiyelwe kahle ngothango ukuba kungangeni nasilwanyana, nanyamazane engasichitha, isonakalise. Ngokwempela lesisivini savikelwa kahle, saphathwa kahle, sahluma kahle, imivini yaqina kahle, sasiyisivini esithandwa ngumniniso. Futhi kulesisivini kwakhiwe indawo yokuhluza, nokuvova, nokukhama iwayini ngobungcweti obukhulu, kwakhiwe ihluzo, isivovo, noma isikhamo sewayini, kwakhiwe ngendlela yabaJuda ukuba abahluzayo, noma abavovayo, noma abakhamayo bangabi nokuzilandulela ukuba umsebenzi wenziwe ngokuyikho. Kwakuyisikhamo impela.

Kulesisivini futhi kwakhiwe isiqongo sokulinda, sakhiwe siphakeme impela ukuba abalindi besivini baphumelele ukubona ezinhlangothini zonke zesivini ukuba bangazunywa ngukufika kwamasela, abalindi bawabone esekude. Noma kungafika izilwane ezizobona, umlindi osesiqongweni ushesha azibone, noma umlilo, uma ungaba khona, uwubona masinyane. Konke okwalesisivini kwakuhlelekile kulungiswe kahle. Umnini waso walungisa konke, kwakungekho lutho olwasweleka.

Kuthé umniniso esenelisiwe ukuthi konke kulungile, wasiqashisa kubaqashi enethemba ukuthi bayakwaneliselwa yilesisivini.

Nabo abalimi benza umsebenzi ngendlela ethokozisayo, basilima, basinisela, basiqaphela, baze bathole izithelo ezinhle eziningi, ezithokozisayo.

Umninisivini waya kwelinye izwe. Asazi ukuthi waya kuliphi izwe. Kodwa eselapho kwafika isikhathi sokuba abalimi nabaqashi bakhiphe izithelo zesivini ezifanele umniniso, benze njengokwesivumelwano sabo, kungaba umpe lwamagilebhisi, noma iwayini eliphelele. Wathuma izinceku zakhe, ungathi amaqembu amathathu, ezelokuqala bazishaya, bazimukisa-ze, ezelesibili bazilimaza ekhanda, bazithuka, ezelesithathu bazibulala, nezinye eziningi bazishaya, ezinye bazibulala. Lobubi benziwe ngabalimi ababeqasha isivini. Umninisivini waphinda wathuma izinceku ngokulandelana, bazenza, njengalokhu bazenza ezokuqala. Bazishaya, bazibulala, bazikhanda ngamatshe. Ekugcineni umninisivini wathi kungcono ukuba athume indodana yakhe ezelwe yodwa, indlalifa ukuba iye nesithunzi sobukhudlwana sikaYise, iye kofuna okukaYise, ifune okwayo, njengoba iyindlalifa. Kwathi abalimi ababeqashe isivini beyibona iza, kabethuka, kodwa bathukuthela, bakhuluma bodwa, bathi: "Lo yindlalifa; wozani siyibulale, ifa libe-ngelethu." Base bayibamba bayibulala, bayiphonsa ngaphandle kwesivini. Umninisivini wathukuthela, wathukuthelela abalimi abaqashe isivini, wababhubhisa, isivini wasithatha wasinika abanye.

Umbuso kaNkulunkulu wanikezwa izizwe ezinye ezazingafanele ukuwubona. UJesu wathi: "Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni." Owesifazane waseKhanani waphendula wathi: "Yebo Nkosi; kepha nezinjana zidle imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo." UNkulunkulu unguMninisivini. Abalimi ababeqashe isivini, yithina bantwana nabantu bakhe. Izinceku zingabaprofethi ababethunyelwa esizweni sakwaIsrayeli, nabashumayeli bezwi. Indlalifa iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yethu uJesu kuphela. INkosi ithi: "Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba kanjalo babazingela abaprofethi abanandulelayo." "Itshe abalinqabayo abakhi, lona laba-yinhloko yegumbi." Abantwana bakwaIsrayeli babengaqondi ukuthi iNkosi uJesu inguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu impela, iNdlalifa yeNkosi yasezulwini, umntwana oyedwa ozelwe nguYise phambi kwezikhathi zonke, itshe legumbi, okuhlanganiswe kulo isakhiwo sekerike sonke.

AbaJuda abaningi baqonda emva kokufa kweNkosi ukuthi ngokwempela abambulele ngokumbethela esiphambanweni uJesu waseNazaretha iNdodana kaNkulunkulu kakhulu emva kokuvuka kwakhe, sekumenyezelwe ngosuku lwePhentekoste ukuthi: "Ngakho indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi impela ukuthi uNkulunkulu umenzile iNkosi noKristu Jesu lo enambethela nina esiphambanweni." Nasesikhathini sokufa kweNkosi esiphambanweni induna yamaRoma eyayilinde phansi kwesiphambano yamemeza yathi: "Ngempela lo ube yiNdodana kaNkulunkulu; nempela lowomuntu ube ngolungile."

Emva kokuvuka kweNkosi abafundi bayo bayalezwa ngokwentando kaYise ngomyalo omkhulu othi: "Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyalé ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe." Yikho esikubonayo nabezizwe eziningi ababamukelwa eNkosini. Namuhla singabeTswana, namaZulu, namaJalimani, namaNdiya, namaBhunu, namaNgisi, nabanye, singabezizwe, nokho singabantwana bakaNkulunkulu, ngokukholwa nguJesu Kristu, ngokubhapathizwa egameni lakhe, ngokwamukela umzimba wakhe, negazi lakhe ukuba sithethelelwe izono ngenxa yakhe uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu wethu ngoJesu Kristu onguNkulunkulu uqobo, nomuntu futhi uqobo, oqede ubandlululo lwezizwe ngokufa nokuvuka kweNdodana yakho uJesu Kristu. Waletha uthando nokusebenzelana phakathi kwezizwe ezahlukeneyo ekerikeni lakho. Namuhla singabantu nezinceku zakho ebandleni lakho. Mawusisize ukuba sisebenzelane ngokuqhuba umbuso wakho kanye-kanye ngevangeli lakho ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 301/231

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2003 ngu-Jafta Rrabontsi Lenkwe (†), yathunywa nango2009..

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.